UMTHETHO WOKWAMUKELWA KWEMISHADO YESINTU ONGUNOMBOLO 120 KA-1998

UKUBHALISWA KWEMISHADO YESINTU

Uyini umshado wesintu?

Umshado wesintu yilowo ogcagcwe wahlanganiswa ngenqubo yomthetho wesintu.

Uyini umthetho wesintu?

Lokhu kusho lawomasiko nezinqubo ezigcinwa abaseNingizimu Afrika bendabuko futhi eziyingxenye yempilo yabo.

Wubani ongashada ngomthetho wesintu?

Noma wubani oyisakhamuzi saseNingizimu Afrika angashada ngomthetho wesintu kuphela uma lowogcagco uqhutshwe ngendlela yesintu futhi labo abashadayo bevumelekile ukushada okumbandakanya ubudala babo, imvume yabo kanye nezinga lokuhlobana kwabo.

Ufanele Ubhaliswe Nini Umshado Wesintu?

Uma washada ngaphambi komhlaka **15 Novemba 2001** kumele ubhalise ungakashayi umhlaka **14 Novemba 2002**.

Uma washada emuva komhlaka 15 Novemba 2001 kumele ubhalise umshado **zingakapheli izinyanga ezintathu kugidiwe**.

Kumele Ubhaliswe Kuphi Umshado Wesintu?

Umshado wesintu kumele ubhaliswe ehhovisi eliseduze lomnyango wezasekhaya (Home Affairs).

Wubani Ongawubhalisa Umshado?

Umakoti noma umkhwenyana angafaka isicelo sokuwubhalisa umshado.

Wubani Ongabhalisa Umshado Lapho Umkhwenyana Eganwe Yisithembu?

Umthetho uhunyushwa ngokuthi lapho indoda iganwe yisithembu, lowo nalowomshado nonkosikazi ngamunye kumele ubhaliswe. Omunye nomunye kulamakhosikazi unalo ilungelo lokucela ukubhaliswa komshado.

Wubani Oyowubhala Emabhukwini Umshado?

Unobhala wemishado phansi komnyango wezasekhaya wuyena oyobhalisa umshado.

Yini Okudingeka Uyiphathe Lapho Uyobhalisa Umshado Wesintu?

Ikhophi kamazisi wenkosikazi.

Ikhophi kamazisi womkhwenyana.

Isitifiketi somshado.

Imali ewu-R6.00 uma ufuna bakukhiphele isitifiketi sokubhaliswa komshado.

Yini Okumele Uyenze Uma Isitifiketi Somshado Salahleka noma Sonakala?

Kumele wazi usuku owashada ngalo kanye negama lendawo lapho owashadela khona.

Ngalolulwazi abomnyango bayokwazi ukucinga imininingwane yesitifiketi.

Kusemqoka Ngani Ukubhalisa Umshado?

Kuyasiza ngokuthi kwenza kubelula ukuthola isondlo sabantwana.

Kwenza kubelula futhi ukuthi umshadikazi athole amalungelo lapho kushona umyeni noma umkakhe.

Kwenza kubelula kwabomndeni nezingane ukuthi bakwazi ukukhombisa ukuthi banelungelo elingakanani efeni lalowo osuke eseshonile.

Kwenza kubelula ukuthi lowomakoti oshade kuqala akwazi ukwahlukanisa amalungelo akhe empahla uma umyeni wakhe ethatha amanye amakhosikazi emuva kwakhe.

Kubalula ukuthi inkantolo ivikele amalungelo empahla lapho kwehlukaniswa.

Kubalula ukuthi inkantolo ivikele amalungelo ezingane uma kwehlukaniswa.

Uyafuna Ukwazi Kabanzi Ngamalungelo Alabo Abaganene Ngomshado Wesintu?

Okufana Nokuthi:

- Ungenzenjani uma umshado ungabhaliswanga ngesikhathi
- Isithunzi esilinganayo sikamakoti nomkhwenyana emshadweni wesintu
- Amalungelo alinganayo okwengamela impahla yekhaya
- Amalungelo oyedwa (umakoti noma umkhwenyana) okuphatha impahla yakhe engangeni phansi kwempahla yekhaya
- Ukushintsha indlela yokuphatha impahla ukuze yengameleke kahle
- Amalungelo enkosikazi empahleni lapho umyeni eganwe omunye umakoti phezu kwakhe
- Ukushintsha umshado wesintu ube ngowesilungu
- Umthetho osebenza esahlukanisweni ukuze kuvikeleke impahla yezingane nomakoti noma umkhwenyana lapho kunesehlukaniso.

Umthetho Wokuhlonishwa Kwemishado Yesintu ka-1998 Usubhalwe Ngendlela Elula Ukuze Uzwakale Kunoma Wubani.

Uma Udinga Ibhukwana Lalomthetho Thintana Nabakwa